

Abafundi babuya esikoleni.

Isiphepho esikhulu siyeza. Siza nokuduma nombani.

UShonaphi ufuna ukufika elokishini ngokushesha.

UShonaphi uqala ukugijima ukuze asinde kulesi siphepho.

Kufanele aqaphele. Lendawo inemigodi eminingi kakhulu, futhi iyashelela.

Kuza imoto ngemuva. Imoto ihamba ngejubane elikhulu!






UShonaphi uyabaleka ukuze lemoto ingamshayisi.

Uyashelela, uwela esigodini. UShonaphi ulimele!

Umama onomusa uza ukuzosiza. Ushayela ubaba kaShonaphi ucingo.

UShonaphi ulimele idolo. Idolo lakhe livuvukele lopha igazi.


Balinda imizuzu eyishumi, ubaba kaShonaphi uyafika ukuzomsiza.



“Baba, bheka idolo lami, lilimele,” kusho uShonaphi, ekhala.

Ubaba waqukula uShonaphi, bagibela imoto. Washayela imoto bahamba. Ibanga eliya emtholampilo lifushane.






Ngesikhashana, umhlengikazi uyabasiza emtholampilo.

Ugeza idolo likaShonaphi ukuze alelaphe.

“Idolo lakho lizosheshe liphole,” kusho umhlengikazi emoyizela.

Ahambile amalanga, idolo likaShonaphi selipholile.

“Buka, Baba! Idolo lami selilungile. Ngokuzayo, ngizoqaphela kakhulu uma ngigijima!” kusho uShonaphi.

